OKUSHA KUKA NEIL KEENAN | Endleleni eya ekhaya

http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-on-our-way-home/

OCTOBER 5, 2016

Izinto zishintshe kakhulu kuleminyaka. Iyamangalisa inselelo eyenziwe yicala elilodwa, liqale uchungechunge lwezehlakalo okuzogcina kuguqule isimo sabantu sabangcono.

Njengoba uBenjamin Fulford asho,"icala lama trillion amadollar lika Neil Keenan logcina lisuse ukusabisa komnotho waseNtshonalanga." Kukholwe lokhu noma ungakukholwa kodwa kungenzeka ukuthi ubeyishaya esikhonkosini, usuku okwafakwa ngalo lelicala wusuku iCabal eyabhubha ngalo. Aligcinanga ngokuvulela umnyango amanye amacala afakwa ngu Neil kodwa laba yisisekelo esikhulu esiya phambili nakwabanye abantu. Lokhu kwaba ngumsindo ozwakale emhlabeni Jikelele.

Sibonga abathandi bezwe (patriots) nabantu abacikekile iCabal iyahlakazeka usuku nosuku, iminyaka kuze kube namuhla ….lapho sebefike ekuhlakazekeni

Ukukhathazeka kuka Neil bekuhlala kuwukuvula izinto kahle ukuze kube lula kunina abantu, futhi wenze imizamo ehlanganisile enobuqhawe ukwenza lokhu kwenzeke.

Uma sithi “abantu” sisho abantu abaphila kulomhlaba, hhayi nje endaweni esecaleni.

UNeil njalo nje uhlale ehlanganisa amaqembu ongoti iminyaka eminingi, ngoba wayazi ukuthi isikhathi esifana nalesi sofika, lapho bayodingeka khona. Lesosikhathi siseduze kakhulu.

Ngeshwa, ngale komfutho wokuqala wezinkulumo inkampani eyavula indlela yokunikela nge internet ukusiza izinto ziqhubeke zifinyelele esiphethweni, ayikaze iqale ukusebenza, futhi idale ukubambezeleka okungeziwe.

Ngakho ke uNeil manje, “usebambe inkunzi ngezimpondo” futhi ngale kokugula wenza izinto uqobo lwakhe futhi ngendlela yakhe. Noma yikanjani uNeil ngeke alilahle lelithuba elihle liwulahlekele umhlaba.



Akahluleki uhamba ngomfutho abe eqikelela ingozi. Akanandaba nokungabaza nezinkinga.

Ayikho into embi kuNeil ngaphezu kokulinda nokubuka abanye beqamba amanga bethi izinto zakhe ngezabo, njengakunikezwe wumndeni ukukufeza. Okumanje, lokhu kulinda okude kuyamukhathaza.
Njengoba uNeil esho “Kungokwethu; hhayi omunye umuntu. Abafaki (depositors) banathi futhi bangakithi, futhi ngaphandle kwemvume yabafaki okuqhubekayo okuwukuzama ukuntshontsha ama GCA yinto iNtshonalanga esiyizame iminyaka engaphezulu kweyikhulu.”

Ngokuka Neil impindiselo izoba yimbi. Ekuphumeleleni kwakhe kwezamabhizinisi iminyaka eminingi uyakwazi okufanele kwenziwe, futhi uzokwenza isiqiniseko. Encwadini yakhe yamagama igama elithi ukuhluleka alikho. Uzoba namandla anele ukuphumelela. Ngiqinisekile ukuthi uzophumelela.

Ngaphezu kwalokho abanye abangani nasebenzisana nabo bakha futhi basabalalise ubuchwepheshe obusezingeni eliphakeme kwezokulapha. Lokhu bayakusabalalisa njengoba sikhuluma. Uzozwa kabanzi ngalokhu kwi video elandelayo.

Futhike uNeil uneqembu lakhe elihlakaniphile kakhulu iGroup K (elingelinganiswe) elisebenza kanye naye efaka ubungoti bakhe obuphezulu uM2 uyaqhubeka ukusiza uNeil kubona bonke lobubuxhakaxhaka obusombululekayo.

Njengamanje asithandazele imiphumela emihle lokhu sikwenzela uluntu.

UNeil uthi uma konke lokhu sekuphelile uzophindela ekhaya.

IQEMBU LIKA K

https://youtu.be/78La7v1_3wI

https://youtu.be/7z9wd9bS1FM

Copyright © 2016, GROUP K, Ltd.

GROUP K LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.